**Umsebenzi 1**

Funda lesi sikhangiso bese uphendula imibuzo ezolandela ekhasini elilandelayo.

**THATHA IHOLIDE NGOKUFANELEKILE**

Udinga ikhefu? Uma kunjalo lesi sikhangiso singesakho. Kwa-SA Travel Club singakungcebelekisa ngomkhumbi. Singakubonisa ubuhle bedolobha laseThekwini noma iziqhingi zodumo zaseMozambique.

Hamba ngomunye wemikhumbi yethu kanokusho

kusukela ziyi-14 kuya ziyi-16 enyangeni kaNovemba 2018

**Ubuhle baseThekwini**

Iphupho lakho lokuya eholidini ngomkhumbi wohlobo oluphezulu lingafezeka. Ungaba yingxenye yalolu hambo olujikeleza eThekwini, ubone bonke ubuhle beTheku. Ungahlala phezulu uzipholele ubone izindawo ezigudle iTheku kanye namanzi olwandle oluhle i-Indian Ocean lapho umkhumbi usuka eMtateni. Miningi nemidlalo ekhona kanye nokunye eningakwenza ukuzijabulisa njengomndeni khona ngaphakathi.

Izingane ezineminyaka engaphansi kweyi-18 zingena mahhala uma zizohlala egunjini elifanayo nelabazali babo. Zikhokhela kuphela intela yemithwalo kanye nomshwalense wezempilo okubiza R250 inganye ngayinye.

Imali isukela kuR2500 abantu abadala ababili kanye nemali yentela yezimpahla nomshwalense wezempilo okubiza R250 umuntu ngamunye.

Imali ifaka:

- Ubusuku obubili
- Ukudla okuthathu ngosuku
- Amafilimu, indawo yokuzilolonga kanye neminye imibukiso yokunandisa
- Ukungena ekhasino
- Yonke imidlalo etholakala ngaphakathi

**Uhambo ngomkhumbi oluya eziqhingini zaseMozambique**

Ungakhetha futhi ukuthatha uhambo olusuka eThekwini lujike eziqhingini zaseMozambique ngemali esukela ku R3650 umuntu ngamunye. Lolu hambo lona luthatha izinsuku ezintathu. Konke okunye kuyefana.

Uma udinga ukufika eThekwini singakuhlelela ibhanoyi elisuka eGoli noma eKapa elizofika mhla ziyi-13 KuNovemba. EThekwini sikulalise ehhotela elisezingeni elihle, bese ngakusasa ekuseni uthola ukudla khona ngaphambi kokuthi sikuyise eMtateni lapho uzongena emkhunjini. Ngosuku obuya ngalo sikususa emkhunjini sikubeke esikhumulweni sezindiza lapho ungathatha indiza eya eGoli noma eKapa. Konke lokhu sikwenzela ngemali ephansi esukela ku R1500 umuntu ngamunye.

Ukubekisa indawo noma ukubhalisela leli holidi, ungasishayela ucingo kule nombolo ethi, 086-554-3232 noma usithumele i-imeyli ku satravelc@satours.co.za. Ukuthola eminye imininingwane, thanda ikhasi lethu ku Facebook: SA Travel Club noma uye ekhasini lethu www.satravelc.co.za.

1 Siqondiswe kobani lesi sikhangiso?

....................................................................................................................................................[1]

2 Umkhumbi uzungeza isikhathi esingakanani eThekwini?

....................................................................................................................................................[1]

3 Zingena ngamalini izingane emkhunjini?

....................................................................................................................................................[1]

4 Luhluke ngani uhambo lokuzungeza iTheku nolwaseMozambique?

....................................................................................................................................................[1]

5 Yiziphi izinhlelo ezenzelwa abantu abavela ngaphandle kweTheku? Nika **ezimbili**.

....................................................................................................................................................[1]

....................................................................................................................................................[1]

6 Nika izindlela **ezimbili** zokuxhumana nabakwa SA Travel.

....................................................................................................................................................[1]

....................................................................................................................................................[1]

**[Amamaki: 8]**

© UCLES 2018

**Umsebenzi 2**

Funda ngezansi bese wenza umsebenzi ekhasini elilandelayo.

UZinhle uhlala nomama wakhe, uNonkululeko Mbatha, ekhaya labo eliku-110 St Patricks Drive, eMount View. Inombolo yakhe yocingo ithi, 0331 757 0894 kodwa okwamanje ucingo lukamama wakhe lufile ngakho utholakala ocingweni lwasendlini naku imeyli yakhe. UZinhle naye unalo ikheli le-imeyli elithi, Mbat.Zin@zamail.co.zi. Ucingo lwasekhaya luthi, 0731 995 3657.

UZinhle Mbatha uyintombazane eyenza ibanga-12 eSt Martha Collegiate. Inombolo yocingo lwesikole ithi, 0731 889 7357. Ikheli lesikole lithi, 23 King Edward Avenue, eMount View. Ngonyaka ozayo ufisa ukuya esikoleni semfashini. Uthisha wakhe, uNkosikazi Sinenhlanhla Ndlovu, naye uyalibona ikhono analo futhi uhlale emkhuthaza ukuthi aqhubeke nokuthunga izingubo. Njalo uma kukhona akudwebile uqale akuthumelele uNkosikazi Ndlovu ku-imeyli yakhe ethi, Ndlo.Sin@StMartha.co.zi.

UZinhle akanazo izihlobo eGoli kodwa, uzoba neminyaka eyishumi nesishiyagalombili ngonyaka ozayo. Lokhu kusho ukuthi uyobe esengakwazi ukuzihlalela yedwa.

UZinhle uzimisele ngokuthunga izingubo zokugqoka nangemfashini. Uyathanda ukuhambela imicimbi kanye nemincintiswano yalolu hlobo. Ngenyanga kaJulayi ubesemcimbini odume kakhulu eNingizimu Afrika owaziwa ngeMgungundlovu July. Lapha kusuke kugcwele osaziwayo begqoke izimpahla ezithungwe ngabathungi abakhulu abavela emazweni ahlukene. Lokhu kuyamkhuthaza kakhulu futhi kumnika nethuba lokubona ukuthi yiziphi izitayela ezithandwayo. Yena ujwayele ukudweba futhi azithungele izingubo zemicimbi yasebusuku. Uthanda zona kodwa nezokungcebeleka uyazithunga nazo.

Ngesonto eledlule, uZinhle ubone lokhu ephephandabeni:

**Umncintiswano wabathungi abasafufusa**

Ungaphuthelwa yithuba lokuziwinela umfundaze wokuyofunda esikoleni esiphezulu semfashini.



Kumenywa bonke abasaqala ukuthunga ukuba bangenele lo mncintiswano. Abathathu abazophuma phezulu bazothola ithuba lokuyokwenza izifundo zamahhala zokuthunga nemfashini ngonyaka wezi-2019 e-Fashion World Institute eseGoli.

| | |
|---|---|
| Usuku: | ngoMgqibelo mhla zingama-23 KuNovemba 2018 |
| Isikhathi: | 09h00 ekuseni |
| Indawo: | eMount View Community hall |
| Okulindelekile: | ukufika nezimpahla ezintathu ozithungile |
| Imikhakha: | ezokubhukuda, ezasebusuku kanye nezokungcebeleka |

Vakashela ku www.FWI.co.zi ukuthola ifomu lokungenela.

**7** Zicabange unguZinhle futhi ugcwalisa leli fomu elisekhasini elilandelayo.

| | |
|---|---|
| Igama nesibongo: | Zinhle Mbatha |
| Ubulili: | ........................................ |
| Ikheli: | ........................................ |
| Imeyli: | Mbat.Zin@zamail.co.zi |
| Iminyaka: | ........................................ |
| Gcwalisa okulandelayo uma ungaphansi kweminyaka eyishumi nesishiyagalombili: | |
| Igama lomzali: | ........................................ |
| Inombolo atholakala kuyo: | ........................................ |
| Inombolo otholakala kuyo: | 0731 995 3657 |
| Izinga lemfundo: | ibanga 12 |
| **Umuntu ongafakaza ngekhono lakho lokutha:** | |
| Igama: | ........................................ |
| Ubudlelwane: | ........................................ |
| Indlela yokuxhumana naye: | ........................................ |
| **Khetha umkhakha owodwa owungenelayo yena:** | |

Ezokubhukuda ☐ ezasebusuku ☐ Ezokungcebeleka ☐

**[Amamaki: 9]**

**Umsebenzi 3**

Funda lesi siqephu esilandelayo esikhuluma ngendima edlalwa ngabazali emfundweni yezingane zabo bese wenza umsebenzi osekhasini elilandelayo.

**INDIMA EDLALWA NGABAZALI EMFUNDWENI YEZINGANE ZABO**

Imfundo yokuqala yileyo etholwa yingane ekhaya ingakayi esikoleni. Lokhu kunikeza abazali isikhathi esanele sokuba baziqonde kahle izingane zabo ukuthi zithandani. Kuyenzeka ingane ikhaliphe ezibalweni, enye ibe nekhono lokubhala ngobuciko kanti enye yenza kahle kwezemidlalo. Umsebenzi wabazali osemqoka ukuba baqaphele uma besiza izingane zabo ekukhetheni izifundo noma imikhakha ezilungele.

Umzali makayale ingane ukuba ikhethe izifundo ezithandayo nephumelela kangcono kuzo. Lokhu kwenza ukuthi ingane ingabi nengcindezi yokucinelela izifundo eziyihlulayo ngoba ifuna ukujabulisa umzali. Kuzokwenza kube lula ukufunda enganeni uma ifunda into eyithandayo nezikhethele yona.

Abazali bangasiza izingane ngokuthi, bazibonise amakhono ezinawo ukuze zikhethe lezo zifundo ezihambelana neziphiwo zazo empilweni. Isibonelo salokhu ngukuthi, omunye angakujabulela ukwenza izifundo zomculo kanti omunye angakuthola kungemnandi lokhu.

Izingane kungenzeka zidinge usizo lwabazali ukwenza umsebenzi wesikole. Ngakho-ke kubalulekile ukuba umzali azinikeze isikhathi esanele sokwazi ukuthi lokho okufundwa yingane yakhe esikoleni. Lokhu kungayisiza kakhulu ingane uma kukhona lapho yehluleka khona. Ingane kuyinika umdlandla ukubona umzali ezihlupha ngezincwadi zayo.

Kuleli zinga lemfundo emaphakathi, izingane zisuke zisesigabeni esivame ukuhlupha empilweni. Izingane zikholelwa kakhulu kubangani kunokukholelwa kubazali. Umzali kumele aqaphele ingozi yokuthi, ingane ikhethe izifundo ngokududana nabangani. Phela ukuthi, niyezwana nomuntu akusho ukuthi niyafana. Okungamlungela yena kwesinye isikhathi ngeke kwakulungela wena.

Uma ingane isiqala ukufunda amabanga aphezulu. Izifundo eziningi zisuke zizintsha kanti nendlela yokufunda neyokufundisa isuke yehluke kakhulu kuleyo yasemabangeni ephuma kuwona. Umzali kuhle enze isiqiniseko sokuthi ingane yakhe inazo zonke izinto nezincwadi ezidingekayo esikoleni. Lokhu kuzoyisiza kakhulu ingane ukuyilekelela ngolwazi oluningi olungayithuthukisa kangcono.

Kungasiza uma umzali exoxa nothisha wengane ukuze azi kangcono ngenqubekela phambili yengane yakhe. Lokhu kungasiza ukuqinisekisa ukuthi, ingane iyakwazi ekwenzayo noma idinga ukwelekelelwa. Impilo yengane iba lula ingabi nazihibe uma ingane izozikhethela, ingakhethelwa umzali futhi kubalulekile ukuyisiza ukuba ilandele amaphupho ayo.

Uzobhala umbiko ngenkulumo obuyihambele ebiphathelene neqhaza labazali emfundweni yezingane. Ukhethe ukusebenzisa ulwazi oluthole kulesi sikhulumi.

Ukuze ukwazi ukuhlela kahle umbiko wakho, yenza amanothi amafishane ngaphansi kwezihloko ezilandelayo. Usukhonjisiwe ukuthi uphendule kanjani esihlokweni sokuqala.

Impendulo yokuqala inikeziwe njengesibonelo.

**8** Okungenziwa ngabazali ukuze izingane zabo ziphumelele esikoleni:

- Ukusiza ingane ikhethe kahle
- ....................
- ....................
- ....................
- ....................

[4]

**9** Ubuhle bokukhuthaza ingane ukuba ikhethe izifundo ezithandayo:

- ....................
- ....................

[2]

**10** Okumele kuqashelwe ngabazali uma kuza ekukhetheni kwabantwana izifundo:

- ....................
- ....................

[2]

**[Amamaki: 8]**

**Umsebenzi 4**

11 Sebenzisa inkulumo engenhla ukubhala ngokufingqiwe uveze izinto ezingenza izingane ziphumelele empilweni.

Umbhalo wakho ofingqiwe kumele uveze amaphuzu asemqoka kuphela futhi ube namagama angeqile **kwangama-80**.

Ungawasebenzisa amanothi ozenzele wona kumsebenzi 3.

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

..........................................................................................................................................

**[Amamaki: 5]**

© UCLES 2018

**Umsebenzi 5**

**12** Umngane wakho uthole ithuba lokuyofunda eNyuvesi ephesheya.

Bhalela umngani wakho **incwadi** ukumhalalisela ngalokhu.

Encwadini yakho ungaveza lokhu:

- Mbongele ngokukhethwa
- Mtshele ukuthi kungani uziqhenya ngaye
- Mkhuthaze ukuthi asebenzise leli thuba ngokuzimisela
- Mkhuthaze ngokuziphatha
- Mkhumbuze ngamathuba azowathola emva kwalokhu

Incwadi yakho kumele ibe ngamagama ayi-**150** kuya kwangama-**200** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.
Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

.......................................................................................................................................

© UCLES 2018

**Umsebenzi 6**

Funda le ndaba bese uphendula imibuzo elandelayo.

Iwashi elifakwa esandleni noma eliphanyekwa odongeni lingufakazi omkhulu wokuthi ihora nehora lisho uguquko olwenzekayo empilweni yomuntu ngamunye emhlabeni jikelele. Kufanele nakanjani ukuba isikhathi sisetshenziswe ngendlela efanele. Ungahlala ungenzi lutho kodwa sona isikhathi siyahamba. Asimile futhi asisoze samlinda umuntu.

Kwangisiza nami ukuba nomzali owayekwazisa ukusetshenziswa kwesikhathi. Wayevame ukusho umama ukuthi, isikhathi esilahlekile asibuyeli emuva. Sifana nomfula olokhu ugeleze njalo uya phambili futhi ongomiswa ngisho nayisomiso. Kunabantu abasazisayo isikhathi nokuthi kuningi okumele bakwenze nakuba isikhathi sisincane. Ngiyacabanga ukuthi sasuka lapho isisho sesiZulu esithi, 'isikhathi sesidliwe yinja'. Saqanjelwa ukuxwayisa futhi siphaphamise abantu laba abenza zonke izinto ngonyawo lonwabu. Laba bantu banazo-ke izimpendulo ngoba uyaye ubezwe bethi, 'Khululeka, ngizogcina ngifikile nami lapho kwazise phela nenja iyawaqeda amanzi ngolimi.'

Esikoleni, ngangingawenzi umsebenzi wami ngisanesikhathi esanele. Lokhu kwakugcina kungenza ngigcine ngiphuthelwe umdlalo webhola noma uhlelo engiluthandayo lukamabonakude sengizama ukuqeda lowo msebenzi wesikole. Siningi isikhathi esichithwa abanye abafundi ngokudlala nokuxoxa nabangane ngesikhathi uthisha efundisa. Sengathi abafundi bangalalela lapho kufundiswa.

Ngasifunda isifundo ngisakhula. Manje sengiyasihlela isikhathi sazo zonke izinto engizenzayo. Lokhu ngikuthola kungisiza ukuthi ngenze izinto ngokuhleleka. Impumelelo empilweni yami njengosomabhizinisi ilele ekutheni ngiyakwazi ukwenzisisa lokho okusuke kufanele ngikwenze ngaleso sikhathi. Ngiba nesikhathi esanele sokubuyela emuva ngilungise amaphutha ngaphandle kwengcindezi. Abantu abasiqikelelayo isikhathi ziba mbalwa kabi izinto ezibaphuthelayo ngaphandle uma bebona ukuthi lezo zinto zizobachithela isikhathi bese bengazibandakanyi nazo. Bahlela ngisho isikhathi sokungcebeleka ukuze singashayisani naleso sokwenza umsebenzi.

Ayikho into engihlukumeza njengokufika emcimbini ngilinde isikhathi eside ngoba abawuhlelayo behluleka ukuwuqala ngesikhathi abebesishilo. Sekujwayelekile ukubona abantu bezifikela umcimbi usuphakathi ngenxa yokwazi ukuthi akuqalwa ngesikhathi. Ngaba nenhlanhla ukuthola unkosikazi osazisayo isikhathi njengami. Umshado wethu waqala ngesikhathi, okuyinto engajwayelekile. Ukungagcini isikhathi kukhathaza kakhulu esontweni uma kungumshado lapho umakoti engasaqhamuki. Ngike ngaba semishadweni lapho umkhwenyana walinda waze wacabanga ukuthi umakoti wakhe usemphucwe ngabanye.

Uma ngifake isicelo somsebenzi bese ngibizelwa inhlolokhono, ngiyaqinisekisa ukusigcina isikhathi. Abanye abantu abasuke bezele le nhlolokhono ukuze baqashwe bafika emuva kwesikhathi esibekiwe. Lokhu kwehlisa isithunzi salowo ofikele inhlolokhono futhi kumenza abukeke njengomuntu ongawugqizi qakala lowo msebenzi. Kuwuphawu lokungabi nanhlonipho ngisho kulowo noma kulabo abasuke bezompheka ngemibuzo. Kwenza babone ukuthi noma angawuthola lo msebenzi uyoba wuhlupho ehlulwa ukubamba isikhathi sokufika emsebenzini kanye naleso sokwenza umsebenzi awuqede ngakho angagcina engawutholanga lowo msebenzi.

Isikhathi esingaqapheleki kangako ukuhamba kwaso yilesi esichitheka uma umuntu elele. Umuntu akalali izinsuku ngezinsuku engavuki ngoba sikhona lesi esibizwa ngokuthi esokuvuka. Kusuke sekufanele aqhubeke nezidingo zosuku. Kufanele abazali bazifundise izingane zabo ngokugcina nokuhlela isikhathi ukuze impilo yazo iqonde. Uye uzwe abantu bethi ukuba kubuyelwa emuva, ziningi izinto abangazenza ngendlela ehlukile ngoba bachitha isikhathi. Kuyiqiniso impela ukuthi akubuyelwa emuva kungemgqigqo.

**13** Uthini umbono wombhali mayelana nokusetshenziswa kwesikhathi.

.................................................................................................................................[1]

**14** Ngubani owenza ukuthi umbhali asebenzinse isikhathi ngendlela ehlukile?

.................................................................................................................................[1]

**15** Yaba namuphi umthelela indlela umbhali ayesebenzisa ngayo isikhathi esangumfundi?

.................................................................................................................................[1]

**16** Ngokwendaba, abanye abafundi basimosha ngokwenzani isikhathi?

.................................................................................................................................[1]

**17** Bhala izindlela **ezimbili** umbhali asizakala ngazo ekusesebenzisa isikhathi manje?

.................................................................................................................................[1]

.................................................................................................................................[1]

**18** Umbhali ukubona kubaluleke ngani ukuqala umcimbi ngesikhathi?

.................................................................................................................................[1]

**19** Yikuphi okufanayo phakathi kombhali nonkosikazi wakhe?

.................................................................................................................................[1]

**20** Kungaba namuphi umthelela ukungasigcini isikhathi senhlolokhono?

.................................................................................................................................[1]

**21** Yikuphi okumele kwenziwe ngabazali mayelana nesikhathi?

.................................................................................................................................[1]

**[Amamaki: 10]**

© UCLES 2018

**Umsebenzi 7**

**22** Uthishomkhulu wesikole sakho ufuna ukuthi abafundi bangasayigqoki imifaniswano. Abazali banemibono ehlukene ngalokhu. Nakho okunye okushiwo ngabazali:

- Imifaniswano isenza silingane
- Imifaniswano ayihambisani nesimo sezulu kwesinye isikhathi
- Yenza sibukeke kahle futhi isifundisa indlela yokugqoka
- Ayisikhululi futhi akukho ekwenzayo ekufundeni kwethu
- Isenza sibonakale ukuthi siyaziqhenya ngesikole sethu
- Abantu basijaja ngesikole sethu ngoba bebona imifaniswano
- Asidingi ukubheka izingubo esizozigqoka ekuseni
- Sihlukile, kumele siveze ubuthina ngendlela esigqoka ngayo
- Izingubo zethu zingasenza sihlekane
- Abantwana bancishwa amathuba okuzenzela izinqumo nsuku zonke

Wena ucelwe ikomidi elimele abazali besikole ukuba ulimele. Bhala **inkulumo** ozoyethula kuthishomkhulu nesigungu sakhe lapho uveza yonke imibono kanye neyakho.

Imibono engenhla ingakunika amasu okwenza lo msebenzi kodwa uvumelekile ukusebenzisa eyakho imibono.

Umbiko wakho kumele ube ngamagama angama-**200** kuya kwangama-**250** ubude.

Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-8 okuqukethwe.
Uzothola amamaki angafinyelela kwayi-7 olimi nesitayela.

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

.....................................................................................................................................

© UCLES 2018 

